



## IMINYAKA EYI-10 YEZINDABA EZIMNANDI!

## 10 YEARS OF STORY POWER!



**UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa** wethulwa ngokusemthethweni ngoJuni 2012. Umgomo wethu kwakuwukuba sakhe futhi namanje kusewukuba sakhe iNingizimu Afrika lapho **ingane ngayinye ijabulela indaba nsuku zonke!** Ucwano ngo lubonisa ukuthi izingane ezijabulela ukufunda zineqoqo lamagama elikhudlwana engqondweni, zinolwazi olwengeziwe ngezinto ezengeziwe, futhi zikwazi ukuqonda kangcono indlela abanye abantu abacabanga ngayo nabaziphatha ngayo. Okubalulekile ukuthi, lezo ezifundela ukuzithokozisa zisethubeni lokuba nempumelelo esikoleni kungakhathaliseki ukuthi zivela ekhaya elicebile noma elimpofu.

The **Nal'ibali reading-for-enjoyment campaign** was officially launched in June 2012. Our aim was and still is to help build a South Africa where **every child enjoys a story every day!** Research shows that children who enjoy reading have a larger vocabulary, have more knowledge about more things, and can better understand how other people think and behave. Importantly, those who read for enjoyment are more likely to experience success in schooling regardless of whether they come from a wealthier or poorer home.

### Isikhathi kanye nendawo ongajabulela kuyo izindaba nengane yakho

- ★ Akukho ukuthi kunendlela elungile noma engalungile yokufunda nezingane, uma nje ukwenza! Kodwa sinamacebiso ambalwa okuba nijabulele izincwadi ndawonye.
- ★ Xoxa izindaba lapho izingane zakho zikuthola kulula ukuzinza, njengasemuva kwesikhathi sokugeza noma ngaphambi nje kokuba ziyolala ebusuku. Zama ukuthola inqubo esebenza kahle kuzo nakuwe.
- ★ Ngezinye izikhathi izingane ezincane zikuthola kunzima ukugxilisa ingqondo isikhathi eside. Qala ngemizuzu embalwa nje, bese uqhubeke uyandisa kancane kancane ize ifike emizuzwini engu-15 (noma ngaphezulu!). Ungayiphoqi ingane yakho uma ingathandi – mane nje uphinde uzame kusasa.

### When and where to enjoy stories with your child

- ★ There is no correct or incorrect way to read with children, as long as you do it! But we do have a few tips for enjoying books together.
- ★ Share stories when your children are ready to settle down, like after bath time or just before they go to sleep at night. Try to find a routine that works well for them and you.
- ★ Younger children sometimes find it difficult to concentrate for long periods of time. Start with just a few minutes, and work your way up to 15 minutes (or more!). Don't force it if your child isn't interested – just try again tomorrow.

### Indlela yokujabulela ukufunda izindaba ndawonye

- ★ Hlalani nisondelane ukuze nikwazi ukubona izithombe ndawonye kanye namagama asekhadini.
- ★ Funda igama lomlobi, umenzi wemifanekiso kanye nomhumushi ukuze ingane iqonde ukuthi izincwadi zenziwa ngabantu abafana nayo!
- ★ Funda ngendlela eshukumisayo kangokunokwenzeka. Sebenzisa amazwi ahlukahlukene kubalingiswa abahluhlukene!
- ★ Thola izindlela zokwenza ingane yakho ibandakanyeke endabeni njengoba ufunda. Isibonelo, yibuze ukuthi icabanga ukuthi kuzokwenzekani ngokulandelayo, xoxani ngezithombe noma uyicele ukuba ikuphenyele amakhasi.
- ★ Zicele ukuba nazo zifunde kanye nawe noma zikuxoxele indaba futhi ungalungisi iphutha ngalinye uma nje lokho okuchazwa yindaba kucacile.

### How to enjoy reading stories together

- ★ Sit close to each other so that you can both see the pictures and words on the page.
- ★ Read the name of the author, illustrator and translator so that your child can appreciate that books are created by people just like them!
- ★ Read with as much expression as you can. Use different voices for the different characters!
- ★ Find ways to draw your child into the story as you read. For example, ask them what they think might happen next, talk about the pictures or ask them to turn the pages for you.
- ★ Invite them to read along or tell the story to you and don't correct every mistake as long as the meaning of the story is clear.

Thola ukuthi ungazisebenzisa kanjani izincwadi zethu ezisikiwe zakhishwa zase zigcinwa kanye neKhona lezindaba ngezindlela ezihlukahlukene ezinganeni zakho ezincane nezindadlana.



Find out how you can use our cut-out-and-keep books and Story corner story in different ways for your younger and older children.



Drive your  
imagination



IMINYAKA EYI-10 YEZINDABA EZIMNANDI!



IT STARTS WITH  
A STORY.  
KUQALA  
NGENDABA  
EXOXWAYO.



# Indaba KaNaI'ibali

UNaI'ibali uphathelene nokufundela ukuzithokozisa. Kodwa ucwaningo lubonise ukuthi abantu abadala baseNingizimu Afrika abavamile ukufundela ukuzithokozisa futhi *abazifundeli* izingane zabo. Kanti futhi azikho izincwadi ezanele nezindaba ezishicilelwe ngezilimi ngaphandle kwezisiNgisi nesiBhunu. Izingane zaseNingizimu Afrika zingalandisa kanjani uthando lokufunda uma zingenazo izincwadi nezindaba ezanele zokufunda ngezilimi zazo?

UNaI'ibali waqalwa ngenjongo yokuthola, ukwakha, ukuhumusha, ukufanekisa kanye nokwabelana ngezindaba ezijabulisayo, ezithinta izingane zakuleli ngazo ZONKE izilimi zaseNingizimu Afrika mahhala. Yaqala *kanjalo-ke* indaba yethu ...

## Izinto ezivelele endabeni yethu kuze kube manje

Njengoba kungumkhankaso wokufundela ukuzithokozisa waseNingizimu Afrika, ingxenye eyinhloko yalokho esikwenzayo iwukusiza sakhe futhi siqinise uchungche lwezincwadi ezizuzisayo, ikakhulukazi lwezilimi zaboMdabu ezisilelayo kule ndaba. Ngenxa yokuthi injongo yethu sigxile ekukhiqizeni izincwadi zezilimi ezihlukahlukene, iNaI'ibali isiza ukuvulela abalobi amathuba, abahumushi nabahleli bezilimi zaboMdabu. Ukwabelana ngemithombo yethu nalabo esisebenzisana nabo kanye nezinhlangano ezingenzi inzuzo kusho ukuthi kuba nezindaba ezengeziwe ngezilimi ezengeziwe ezitholwa yizingane ezengeziwe.

# The NaI'ibali Story

NaI'ibali is all about reading for enjoyment. Yet research has shown that South African adults seldom read for enjoyment and *hardly* read to their children. There are also simply not enough books and stories published in languages other than English and Afrikaans. How can the majority of South African children grow a love of reading if they don't have enough books and stories to read in their home languages?

NaI'ibali was started to find, create, translate, illustrate and share interesting, locally relevant children's stories in ALL South African languages for free. *That* was the start of our story ...

## Highlights of our story so far

As South Africa's reading-for-enjoyment campaign, a key part of what we do is to help develop and strengthen the literature value chain, especially for underrepresented African languages. Because we consciously focus on producing multilingual materials, NaI'ibali helps to provide opportunities for African language writers, translators and editors. Sharing our resources with partners and non-profit organisations means more stories in more languages for more children.



## Ukwabelana ngezinto zokufunda ezingokoqobo, zezinga eliphezulu, ezithokozisayo

Siye senza izinto zokufunda ezilandelayo zatholakala mahhala ezintweni ezibhalwayo nange-Inthanethi:

- ★ **187** ushicilelo lwesithasiselo sethu sezilimi ezimbili ngezimo zezilimi ezihlukahlukene.
- ★ **561** izincwadi zase zigcinwa zezilimi ezihlukahlukene kanye namakhadi ezindaba ngokusebenzisa izithasiselo zethu.
- ★ **450** izindaba zomsakazo ezisakazwa ngazo zonke izilimi eziyi-11 zaseNingizimu Afrika.
- ★ **160** izindaba zezilimi ezihlukahlukene, imilolozelo namakhadi ezindaba.
- ★ **5** izincwadi zeQoqo Lezindaba Ezifundwa Kuzwakale ngazo zonke izilimi eziyi-11.
- ★ izinto zokuqeqesha, imihlahlandlela yezindaba, amacebiso kanye neseluleko. Yonke le mithombo iyatholakala ku-Inthanethi futhi ithunyelwa njalo ngezindlela zokuxhumana.

## Sharing original, high-quality, enjoyable reading resources

We have made the following reading resources available free of charge in print and online:

- ★ **187** editions of our bilingual supplement in multiple language formats.
- ★ **561** multilingual cut-out-and-keep books and story cards via our supplements.
- ★ **450** radio stories broadcast in all 11 South African languages.
- ★ **160** multilingual stories, rhymes and story cards.
- ★ **5** Read-Aloud Story Collection books in all 11 languages.
- ★ training materials, story guides, tips and advice.

All these resources are available for online and shared via social media regularly.

## Ukwazisa ZONKE izilimi

Eminyakeni eyi-10 edule, iNaI'ibali iye:

- ♥ yakhulisa ukuqwashisa ngokubaluleka kokuba izingane zifunde ukufunda ngolimi lwazo ezaluncela.
- ♥ yakhankasela ngentshiseko ukuba kuqashelwe futhi kwenziwe izilimi zaboMdabu zibe sesimweni esilinganayo endabeni yokuthuthukiswa kwamakhono okufunda nokubhala.
- ♥ yaqokomisa ukubaluleka kokufunda ngokuzwakalayo kanye nokuxoxa izindaba.
- ♥ yaveza ukuthi ukufundela ukuzithokozisa kubalulekile ekuthuthukisweni kwamakhono okufunda nokubhala.

## Valuing ALL languages

Over the past 10 years, NaI'ibali has:

- ♥ raised awareness of the importance of children learning to read in their mother language.
- ♥ actively campaigned for the recognition and equal status of African languages in literacy development.
- ♥ highlighted the importance of oral literacy and storytelling.
- ♥ positioned reading for enjoyment as essential to literacy development.



Drive your imagination



## Ukuqeqesha nokufinyelela abaningi kuyo yonke iNingizimu Afrika

INal'ibali iye yakha inethiwekhi eqinile yamavolontiya athuthukisa amakhono okufunda nokubhala kulo lonke izwe.

- ★ **Abaqalisi Bezindaba**
- ★ **Abaholi BeFUNda**
- ★ **Abaholi bamaqembu okufunda namavolontiya**
- ★ **Abaqeqeshi bamakhono okufunda nokubhala**
- ★ **Abaqhubi bamaWorkshop**



Amavolontiya ethu aye asiza ekukhuliseni igalelo leNal'ibali emadolobheni amakhulu, emadolobheni amancane nasezindaweni zasemaphandleni kuyo yonke iNingizimu Afrika. Aye aholo ekuthuthukisweni kwamakhono okufunda nokubhala emiphakathini yawo, futhi ethula **amaqembu okufunda** angaphezu kuka-**11 000** kuzwelonke.

INal'ibali ibuye futhi isebenzisane nabashicileli bezincwadi njengeJacana neNew Africa Books, nabamabhizinisi njengeVolkswagen SA, nezitolo zasePick n Pay nezaseBoxer, izinhlangano zikahulumeni njengabezePosi baseSA kanye nomnyango wezemfundo, nezinhlangano ezingenzi inzuzo njengeBook Dash neWordworks, ukuze yakhe futhi yabelane ngezindaba ezengeziwe ngezilimi ezengeziwe.



## Training and outreach across South Africa

Nal'ibali has built a strong network of literacy volunteers throughout the country.

- ★ **Story Sparkers**
- ★ **FUNda Leaders**
- ★ **Reading club leaders and volunteers**
- ★ **Literacy mentors**
- ★ **Workshop facilitators**



Our volunteers have helped grow Nal'ibali's footprint in cities, small towns and rural areas across South Africa. They have championed literacy development in their communities, and launched more than **11 000 reading clubs** nationally.

Nal'ibali also collaborates with book publishers like Jacana and New Africa Books, businesses like Volkswagen SA, Pick n Pay and Boxer stores, government institutions like the SA Post Office and Department of Basic Education, and non-profit organisations like Book Dash and Wordworks, to create and share more stories in more languages.

## Ukuxhumana kulo lonke izwe

Sifuna ukufinyelela izingane eziningi kangokunokwenzeka emakhaya amaningi, ezikoleni nasezinhlanganweni ngokwakha indlela enamandla yokutholakala kwezobuchwepheshe. Manje ungasithola nganoma yisiphi isikhathi futhi kunoma iyiphi indawo! Futhi, akukho zindleko ze-data!

## Connecting across the country

We want to reach as many children in as many homes, schools and organisations as possible by building a strong digital presence. Now you can find us at any time and from any place! And, at zero data charge!



## Okuzokwenzeka ngokulandelayo

Kusukela ngo-2022-2024, sizogxila:

- ★ Ekwakheni imikhuba yokufunda yemindeni emakhaya
- ★ Ekusekeleni isikhathi sokufunda kuzwakale ezikhungweni ze-ECD, ema-preschool nasemaqenjini okufunda omphakathi
- ★ Ekunyuseni izinga lokuthola izinto zokufunda zamahhala
- ★ Ekusebenziseni abezindaba nocwaningo ukuqwashisa nokushukumisela ekwenzeni

Lokho iNal'ibali ethemba ukuthi izobe ikwenza ngo-2024:

- ✿ Ukuhlinzeka izinto zokufunda zamahhala **ezikhungweni ezingokoqobo eziyizi-5 000**
- ✿ Ukusekela **abantu abayizi-3 000 abaphila ngomxhaso** kahulumeni ukuba basebenze emiphakathini
- ✿ Ukusekela amaqembu **okufunda ayizi-8 600**
- ✿ Ukufinyelela izingane **ezingaba yizi-400 000** ngamaqembu okufunda nezinhlangano esisebenzisana nazo
- ✿ Ukufinyelela **abantu abayizigidi ezingama-41** ngabezindaba abafinyelela uquqaba kanye nemikhankaso kazwelonke yokuba kuthathwe isinyathelo

Uhambo lweNal'ibali luye lwajabulisa kuze kube manje. Kodwa lokhu kumane nje kuyisiqalo - futhi sizoqhubeka nomgomo wethu kuze kube yilapho zonke izingane eNingizimu Afrika sezithole ithuba lokufunda ukuthanda izincwadi nezindaba, ngezilimi ezizikhulumayo neziziqondayo.

Sisizeni sifeze iphupho lethu: **iNingizimu Afrika lapho nsuku zonke ingane ngayinye ijabulela indaba!**



## What happens next

For 2022-24, we are focusing on:

- ★ Building family reading habits in homes
- ★ Supporting read-aloud time in ECD centres, preschools and community reading clubs
- ★ Scaling up access to free reading materials
- ★ Using media and research to raise awareness and spark action

What Nal'ibali hopes to be doing by 2024:

- ✿ Providing free reading materials to **5 000 physical sites**
- ✿ Supporting **3 000 people with government stipends** to work in communities
- ✿ Supporting **8 600 reading clubs**
- ✿ Reaching **about 400 000 children** via reading clubs and partner organisations
- ✿ Reaching **41 million people** via mass media and national calls to action

Nal'ibali's journey has been an exciting one so far. But this is just the beginning and we will continue with our mission until every child in South Africa has the opportunity to learn to love books and stories in the languages they speak and understand.

Help us make our dream a reality: **a South Africa where every child enjoys a story every day!**



Drive your imagination



# Veza ubuciko bakho!

## Indlela yokusebenzisa izindaba zethu ngezindlela ezihlukahlukene

Isithasiselo ngasinye **sinezincwadi ezimbili ezisikwayo zikhishwe bese zigcinwa** ongazenza zibe yizincwadi ezincane; kanye **nendaba yeKhona lezindaba** ongayisika uyikhiphe, bese uyinamathisele ocezweni lwekhathoni futhi uyikhave ngepulasitiki ukuze uyenze ihlale isikhathi eside.

Indaba ngayinye ingasetshenziswa nezingane zeminyaka yobudala obuhlukahlukene. Ngisho nezingane ezincane ezingakakwazi ukuzifundela ngokwazo zingazijabulela izindaba. Nayi indlela yokukwenza:

★ **Xoxela ingane yakho indaba.** Okokuqala funda futhi uphrakthize ukuxoxa indaba. Sebenzisa izwi lakho, ubuso nomzimba ukwenza umlingiswa ngamunye aphile. Isibonelo, sebenzisa amazwi ahlukahlukene kubalingiswa abahluhlukene, yenza ubuso budumale uma umlingiswa ezizwa edumele, futhi unqekuzise ikhanda liye ngapha nangapha uma umlingiswa ehamba ngesitimela noma ngetekisi.

★ **Fundela ingane yakho indaba.** Hlalani nisondelane eduze ukuze nonke nikwazi ukubona amakhasi endaba. Xoxani ngezithombe. Lapho ufunda, buza, "Ucabanga ukuthi kwenzekani ngokulandelayo?" noma "Kungani ucabanga ukuthi umlingiswa washo lokho noma wenza lokho?" izikhathi ezimbilwa.

★ **Funda indaba nengane yakho.** Shintshanani ukufunda indaba ndawonye. Ungawalungisi amaphutha ayo, futhi siza kuphela uma icela usizo.

★ **Lalela ingane yakho ifunda.** Lalela ungaphazamisi. Siza kuphela uma ingane yakho icela usizo. Yisho ukuthi uyakujabulela ukuyizwa ikufundela ngokuzwakalayo.

★ **Yenzani imidlalo ethi Yenza indaba ihlabe umxhwele!** Ukwenza imidlalo nezingane zakho kufanele kujabulise kuwe nakuzo.

★ **Do the Get story active! activities.** Doing the activities with your children should be fun for you and them.

# Get creative!

## How to use our stories in different ways

- Each supplement has two **cut-out-and-keep books** which you can make into little books and a **Story corner story** to cut out, paste on a piece of cardboard and cover with plastic to make it last a long time.
- Each story can be used with children of different ages. Even young children who are not yet able to read on their own can enjoy the stories. Here's how:

★ **Tell the story to your child.** First read and practise telling the story. Use your voice, face and body to bring each character to life. For example, use different voices for different characters, make a sad face if the character feels sad, and sway from side to side if the character is travelling in a train or taxi.

★ **Read the story to your child.** Sit close together so that everyone can see the story pages. Talk about the pictures. While you read, ask, "What do you think happens next?" or "Why do you think the character said or did that?" a couple of times.

★ **Read the story with your child.** Take turns to read the story together. Don't correct their mistakes, and only help if they ask for it.

★ **Listen to your child read.** Listen without interrupting. Only help if your child asks for help. Say that you enjoy hearing them read aloud to you.

## Khulisa ilayibrari yakho. Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguqhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguqhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



## Grow your own library. Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.




Drive your  
imagination





Ngosuku olulandelayo, uGogo wathumela uLungile esitolo ukuyothenga isinkwa.

The next day, Gogo sends Lungile to the shop to buy bread.




“Ngizokusiza,” kusho uLungile.

“Ngiyabonga, Lungile!”

“I will help you,” says Lungile.

“Thank you, Lungile!”

Lots more free books at [bookdash.org](http://bookdash.org)



### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Zidwebele isithombe sikaMama uNdwandwe nezingane zakhe ezimbili. Sifake umbala isithombe.
- ★ Amabhodlela aphukile, izikhwama zepulasitiki nomunye udoti olahlwe kungaba yingozi ezinganeni ezincane nezilwane. Yiziphi izinto ezi-4 ongazenza ukusiza ukunciphisa udoti olahlwe esikoleni sakini noma emphakathini?
- ★ Sebenzisa ucingo nanoma yiziphi ezinye izinto onazo ukwenza imoto yocingo njengaleyo uLungile anayo.

### Get story active!

- ★ Draw your own picture of Mama Heron and her two children. Colour in the picture.
- ★ Broken bottles, plastic bags and other litter can be very dangerous to small children and animals. What 4 things can you do to help reduce litter in your school or community?
- ★ Use wire and any other materials that you have to make a wire car like the one Lungile has.

UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination

## Ngizokusiza



## I will help you

Andrea Abbott • Olivia Villet • Fathima Kathrada

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Uzizwa kanjani lapho umuntu ekusiza ngenkinga ethile? Ungabasiza ngaziphi izindlela abangane bakho, umndeni wakini noma umphakathi wakini ngenkinga ethile?

**Ideas to talk about:** How do you feel when someone helps you with a problem? In what ways can you help your friends, your family or your community with a problem?





Endleleni, uyama ukuze adlale nabangani  
bakhe emfuleni.  
On the way, he stops to play with his  
friends in the river.



“Angikwazi ukuya ekhaya ezinganeni zami.”  
“I can’t get home to my children.”




“Ngiyabonga, Mama uNdwandwe.”  
“Thank you, Mama Heron.”



“Awe!”  
UMama uNdwandwe ulimaze iphiko kanye  
nomlenze wakhe ocingweni oluhlabayo.  
“Ouch!”  
Mama Heron hurts her wing and leg on  
barbed wire.





Wathelaka uGogo ngemoto ephelzelwa uyise kaMadoda nezinye izihlobo ezaziphuma eKhimballi. Bonke babekhathale emuva kohambo olude. Bonke abantwana, baphuma bagijima bahlangabeza uGogo. Wayebukeka emuhle, efake nezibuko ezintsha.

Then Gogo arrived by car with Madoda's father and other relatives from Kimberley. They were all tired after the long journey. The children ran out to Gogo. She looked lovely. She had new glasses.

Then the cake arrived. It was the biggest cake they had ever seen. Two people had to carry it into the house! The candles were of three different colours – twenty candles in each colour. The men put the cake in the bedroom to keep it safe. Madoda and Lunga stayed with the cake for a long time. Madoda could feel a grumble start in his tummy. "Can I have just one piece of cake?" asked Madoda. "No! We will get into trouble," said Lunga. "Then just one piece of icing?" begged Madoda. "No!" said Lunga. "Wait. It will be much better if you wait."

Laika ikhekhe. Lalilikhulu kunawo wonke abake bavabona. Lalibanjwe abantu ababili belingisa endlini. Amakhandla alo ayenemibala emithathu eyahlukene - amashumi amabili amakhandla embaleni ngamunye. Amadoda abeka ikhekhe ekamelweni lokulala ukuze OMadoda noLunga bahlala nekhake isikhathi eside. UMadoda wezwa isisu sakhe sesilokhu sikhala.

"Ngicela ucezu oludwa nje kuleli khake," kucela uMadoda. "Cha, ngeke kulunge. Sizongena enkingeni," kuphendula uLunga.

"Okungenani-ke ngicela ucezwana oludwa lwe-ayisingi." "Cha-bo, nalokho akulungile. Zibambe. Funda ukulinda," kululeka uLunga.



Laika ikhekhe. Lalilikhulu kunawo wonke abake bavabona. Lalibanjwe abantu ababili belingisa endlini. Amakhandla alo ayenemibala emithathu eyahlukene - amashumi amabili amakhandla embaleni ngamunye. Amadoda abeka ikhekhe ekamelweni lokulala ukuze OMadoda noLunga bahlala nekhake isikhathi eside. UMadoda wezwa isisu sakhe sesilokhu sikhala.

**HEARTLINES**  
The Centre for Values Promotion



Ukuze uthole eminye imininingwane sicela uthumele i-imeyili ku-[info@heartlines.org.za](mailto:info@heartlines.org.za) noma ushayeke ucingo ku-011 771 2540.

For more information, please email [info@heartlines.org.za](mailto:info@heartlines.org.za) or phone 011 771 2540.

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Dweba izithombe zekhekhe *lakho* lekhethele losuku lokuzalwa.
- ★ Dlalani lo mdlalo niwumndeni. Isikhathi ngasinye qalani kanje: *Emcimbini ngadla* ... Umuntu wokuqala usho uhlobo olulodwa lokudla. Umuntu wesibili uthi: *Emcimbini ngadla* ... futhi aphinde uhlobo lokudla lokuqala bese enezela olunye uhlobo lokudla. Umuntu olandelayo uqala ngendlela efanayo, asho ukudla okubili kokuqala bese enezela okunye kanjalo kanjalo. Owinile ngumuntu wokugcina ongakhumbula zonke izinhlobo ezihlukahlukene zokudla.

### Get story active!

- ★ Draw pictures of your dream birthday cake.
- ★ Play this game as a family. Each time start like this: *At the party, I ate* ... The first person says one type of food. The second person says: *At the party, I ate* ... and repeats the first food type and adds another kind of food. The next person starts the same way, says the first two foods and adds another one and so on. The winner is the last person who can remember all the different kinds of food.

UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination

## Umcimbi




## The Party

Gcina Mhlophe • Arnold Birungi

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Xoxani nganoma yiziphi izenzakalo zomndeni ezikhethekile enizijabulele ndawonye. Kunjani ukulindela isipho, ukudla, noma ukufika komuntu othile okhethekile?

**Ideas to talk about:** Talk about any special family occasions that you have celebrated together. How does it feel to have to wait for a present, for the food, or for someone special to arrive?





On Friday Lunga and Madoda helped to pick the vegetables from the garden. They picked pumpkins and sweet potatoes and beans and spinach. They helped with the baking and they put the sweets into bowls.

Finally, the sun rose on the long-awaited day. The sky was a clear blue and the cock crowed to wake them up:

"Cock-a-doodle do-o-o; cock-a-doodle-do-o-o!"

The cooking started in the early morning. Slowly, the delicious smells filled the air as the meat and other good foods cooked in big pots.

Ngolwesihlanu oLunga noMadoda basiza ukukha imifino engadini. Bakha amathanga, ubhatata, ubhontshisi, nespinaishi. Basiza kakhulu nanoma sekubhakwa, belekelela nasekufakeni amaswidi ezitshaneni ezibekelwe wona. Ekugcineni laze laphuma ilanga losuku olukhulu olwalukade lulindiwe. Izulu lalicwathile, iluhlaza; iqhude lakhala ekuseni labavusa; "Kikilikiki... gi! Kikilikiki... gi!" Ukupheka kwagala ekuseni. Kancane kancane laya ngokuzwakala iphunga lenyama nezinye izibiliboco ezaziphekwe ngamabhodwe amakhulu.



OLunga noMadoda babengabangani abakhulu futhi behlobene, bengabazala. Babedlala ibhola ndawonye futhi kukuningi nje abazithokozisa ngakho ndawonye. Kwakuthi kungaphuma isikole bathi ntinini ngejubane bebheke ekhaya befuna ukubona ukuthi ubani ozofika kuqala. ULunga wayevame ukuhleka uMadoda owayehlale njalo ekhala ngendlala.

Lunga and Madoda were cousins and very good friends. They played football together and enjoyed themselves a lot. They raced each other home after school to see who was the fastest. Lunga often laughed at Madoda because he was always complaining of being hungry.

Emuva kokubingelela uGogo izingane zabuyela ekhekheni. Kwakushisa kuleli kamelo lokulala elalinekhekhe kangangoba eyodwa imbali ye-ayisingi yawa ekhekheni ngenxa yokuncibilika. "Ngingayithatha le mbali Lunga?" kubuza uMadoda, "Akekho umuntu ozobona." "Chai Linda. Lizonambitheka kamnandi leli khekhe uma ulindile," kuphendula uLunga.

As soon as they had greeted Gogo, the children went back to the cake. It was hot in the bedroom and one of the icing flowers had slipped down the side. "Should I just take this flower, Lunga? No one will notice," suggested Madoda. "No! Wait. It will taste much better if you wait," said Lunga. "Can I just put the tippy-tip of my finger in the icing at the bottom, Lunga?" pleaded Madoda. "No!" scolded Lunga. "Go outside and play, and stop thinking of the cake!" Madoda was sad. How much longer must he wait?

Ekugcineni uGogo walisika ikhekhe. Wakhipha ucezu lokuqala, wabuka zonke izingane eziseduze kwakhe.

"Ucezu lokuqala," kusho yena, "olukaMadoda - ngoba ubukeka sengathi angaqhuma uma engalinda okungaphezu kwalokhu!"

Pho lalimnandi yini ikhekhe - limnandi ukwedlula lokho uMadoda abekucabanga! I-ayisingi yanamathela ezindebeni zomlomo wakhe, kwathi lokhu okuthambile okumnandi kwazehlela nje emlonyeni.

ULunga wambuka umzala wakhe, wagcina esembuzile, "Linjani Madoda?"

Umthamo wekhekhe wawumkhulu emlonyeni kaMadoda; akakwazanga ngisho ukuphendula! Kodwa indlela ayemamatheka ngayo yayixoxa indaba. Kumnandi ukulinda into enje!



“Okungenani ngingathi nje gcobho ngomunwe wami ngaphansi kwalokhu okuwushukela, okungaphansi; uthini Lunga?” kunenga uMadoda. “Hhayi bo!” kuthetha uLunga. “Phuma uyodlala phandle uyke ukucabanga ngaleli khhekhe!” uMadoda wabhocobala, esephathake kabi. Wayezolinda isikhathi esingakanani?




At last, Gogo cut the cake. She picked up the first slice and looked at the children around her.

“The first slice,” she said, “is for Madoda – because he looks as though he’ll burst if he has to wait any longer!”

The cake tasted delicious – better than Madoda had ever imagined! The icing stuck to his lips as the soft, sweet inside crumbled in his mouth.

Lunga looked at his cousin. “How is it, Madoda?”

Madoda’s mouth was too full; he couldn’t say a word! But his smile did the talking. Now that was worth waiting for!



Father came into town to order the birthday cake. Everyone was waiting to taste it. There would have to be many, many candles. Would they all fit on? The children would have to help Gogo to blow them out. They talked about what the cake would look like. Sometimes Madoda opened Mother’s old magazines and tried to gobble up the good food on the pages. Oh, how their mouths watered; they could hardly wait for the big day to come!

U Baba naye weza edolobheni ukuzofaka isicelo sokwenzelwa ikhekhe losuku lokuzalwa. Wonke umuntu wayelinde ukulizwa. Kwakuzodingeka amakhandlela amaningi ngempela. Ayezokwanela yini wonke kuleli khhekhe? Kwakuzodingeka abantwana bamsize uGogo ekucisheni la makhandlela. Kwaxoxwa nangokuthi ikhekhe losuku lokuzalwa kwakumele libukeke kanjani. Kwesinye isikhathi uMadoda wayephanya amaphaphahuku amadala kaMama azame ukudla izibiliboco ezisemakhasini awo. Babezwa sekucinsa amathe, bengasakwazi ukulinda usuku olukhulu!



Lunga limbe uMalume wabuya nencwadi evela eposini. Yayiphethe izindaba ezimnandi! UGogo wayezovakasha ephuma eKhimbali. Wayezobungaza usuku lwakhe lokuzalwa, eqeda iminyaka engamashumi ayisithupha. Babekade bamgcina uGogo.

Laba bafana babejabule kakhulu. Wonke umndeni wawuzoba sekhaya, kanye nabangani nomakhelwane. Ukudla kwakuzoba yinala - okumnandi ukudla lokhu, okulungiselwe umcimbi okhethekile!

“Vala amehlo Madoda, usebenzise amehlo engqondo. Uyazibona zonke izidlo sezibondiwe etafuleni elikhulu? Awucabange nje zonke izinhlobo zezibiliboco, wena jeli, wena khastadi, wena swidi, wena khhekhe. Awulicabange nje Madoda, lelo khhekhe!” kwasho uLunga ebheke ngaselangeni.




One day, Uncle brought a letter from the post office. It was good news! Grandmother was coming to visit from Kimberley. It was her 60th birthday. They had not seen Gogo for a long time.

The boys were excited. The whole family would be there, as well as friends and neighbours. And there would be lots of food – delicious food for the special occasion!

“Close your eyes, Madoda. Can you see it all laid out on a big table? Imagine the sweets, the jellies and the cake. Imagine the cake, Madoda!” said Lunga with his face to the sun.



Ngesonto elilandelayo kwayiwa  
edolobheni kwayothengwa. Nabo abafana  
babekhona bephhezela abadala ukuze  
babasize. Kwakuzothengwa wena rayisi,  
ufulawa wokubhaka, wena khastadi, jeli,  
mabhelunde, nakho konke okokuhlobisa,  
nenqwaba yamaswidi.  
“Nizosipha amaswidi esizowadla manje?”  
kubuza uMadoda.  
“Cha, ngeke, mfana wami. Nizolinda  
usuku lomcimbi,” kuphendula uMama,  
“Uma nidla amaswidi manje, umcimbi  
uzokonakala.”  
“Elilodwa nje, ngiyace-e-e-lal!” kuncenga  
uMadoda.  
“Chal!” kusho u-Anti. “Kumele ufunde  
ukulinda. Zimnandi kakhulu izinto ezifika  
kade uzilindele.”



The next week there was a shopping trip to town. The boys went along to help the grown-ups. They needed rice, flour for baking, custard, jelly, balloons, decorations and lots of sweets.  
“Can we have some sweets now?” asked Madoda.

“No!” said Mother. “You must wait for the party. You will spoil the party if you eat the sweets now.”  
“Just one, ple-e-ase?” begged Madoda.  
“No!” said Aunt. “You must learn to wait. Things are much nicer if you have waited for them.”



Net toe kom almal in om hul beste klere aan te  
trek vir die partytjie. Die eerste mense daag op.  
Nog mense kom. Iemand maak die musiek harder.  
Almal praat en lag en eet.  
Then everyone came inside to change into their  
best clothes for the party. The first people arrived.  
More and more people arrived. Someone turned  
up the music. Everyone was talking and laughing  
and eating.

Ekugcineni uMama no-Anti balanda ikhekhe.  
Zonke izingane zagijimela etafuleni elikhulu  
ngaphandle.

UGogo wazama ukucisha amakhandlela,  
kodwa ayemaningi kakhulu ukuthi  
angawacisha yedwa. Izingane zamsiza.  
“Shesha Gogo! Shesha!”


Babengeke besakwazi ukulinda becabanga  
ubumnandi be-ayisingi ephinki nekhekhe  
elithambile ngaphakathi kulo. Izimbali  
ezazihlobise unqenqema lwekhekhe  
kwakungathi ziyacula zithi nje “Sidleni...  
sidleni bo!”

At last Mother and Aunt fetched the cake.  
The children ran to the big table outside.

Gogo tried to blow out the candles, but there  
were too many. So the children helped her.  
“Hurry, Gogo, hurry up!”

They couldn’t wait to taste the pink icing, and  
the soft cake inside. The flowers around the  
edge seemed to be singing, “Eat us, eat us!”






“Ukhalelani, Mama uNdwandwe?”  
 “Why are you crying Mama Heron?”



Ewu! Ilahlekile imali.  
 “Ungabuyi ekhaya uze uthole leyo mali!” kumemeza uGogo.  
 Eishi! The money is gone.  
 “Don’t come home until you find that money!”




“Ngizokusiza.”  
 Amehlo kaMama uNdwandwe abukhali abona izinhlamvu zemali zikhazimula emanzini.  
 “I will help you.”  
 Mama Heron’s sharp eyes see the coins shining in the water.





“Ngicela ungisize.”  
“Please help me.”



“Ngilimele. Angikwazi ukufika ezinganeni zami ekhaya.”

“I am hurt. I can’t get home to my children.”




“Ukhalelani, Lungile?”  
“Why are you crying, Lungile?”

“Ngilahle imali engiyinikwe uGogo ukuba ngiyothenga isinkwa. Asinaso isidlo sasemini manje.”

“I lost the money Gogo gave me to buy bread. We have no supper now.”








# Halalisa ngenjabulo oyithola ngokufunda!

Yenza ukuba ingane ngayinye ijabulele indaba usuku ngalunye!



## Celebrate the joy of reading!

Let every child enjoy a story every day !



Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela: • Contact us in any of these ways:

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

[f nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.twitter.com/nalibaliSA)

[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)





# UKhanya nephela



Ibhalwe nguLori-Ann Preston Imifanekiso nguChantelle noBürgen Thorne

"Yisikhathi sokulala, Khanya," kusho uMama.

"Cha, cha," kuphendula uKhanya. "Angiyi ukuyolala namuhla ebusuku, Mama."

UMama akumjabulisanga loko, "Kungani ungayi mntanami? Kusebusuku futhi yisikole kusasa."

"Angiyi ukuyolala ngoba ngisaba amaphela," kusho uKhanya.

"Kodwa Khanya," kusho uMama. "Asinawo amaphela lapha ekhaya."

"Sinawo!" kuphikisa uKhanya. "Ngike ngawezwa. Futhi ngiyaqiniseka ukuthi andiza angene ngewindi lami ebusuku."

"Masiye kohlola ikamelo lakho," kusho uMama. "Ngemva kwalokho, sizovala iwindi lakho."

UMama noKhanya bacinga amaphela ekamelweni. Bafuna kuyo yonke indawo: ngaphansi kombhede, ngemva komnyango, ngaphansi kukamata, ebhokisini lamathoyisi nasemakhabetheni. Lapho uKhanya esanelisekile ukuthi akukho nelilodwa iphela ekamelweni lakhe, uMama wamqabula wamvalelisa ukuba alale kahle, wacisha isibani futhi wavala umnyango wasekamelweni.

Kodwa, bona bobabili babechithe isikhathi esiningi becinga amaphela, kangangoba bakhohlwa ukuvala iwindi!

UKhanya wazishutheka ngaphansi kweduvet yakhe, wagona uteddy bear wakhe futhi wacabanga ngosuku lwakhe esikoleni kusasa. Kwathi lapho esezozumeka wezwa umsindo oxakayo. KHRRR! KHRRR! Amehlo akhe avuleka kakhulu. Walala wanganyakaza.

KHRRR! KHRRR! Nakanjani kwakunomsindo omncane oqhafazayo, onswininizayo ovela ndawana thile ekamelweni lakhe. Kodwa uvelaphi? Yini eyayenza lo msindo? Ingabe kwakuyiphela? UKhanya welula ingalo yakhe kancane kancane eceleni futhi wakhanyisa isibani sakhe saseceleni kombhede.

Waqalaza ekamelweni. HUUU! Ngokujabulisayo, akabonanga lutho olumangazayo. Lapho nje esacabanga ukuthi kumelwe ukuba ubephupha ngomsindo oqhafazayo, onswininizayo, ikhethini laqala ukunyakaza futhi lo msindo wanda. KHRRR! KHRRR! UKhanya wethuka kakhulu. Wagqolozela ikhethini lakhe, ebambe umoya ukuba angaphefumuli.



Ngokuphazima kweso, kwaqhamuka iphela elibi kabi, elinsundu liza linambuzela ekhethinini lakhe elihle eliyelo lase lindiza linqamula futhi lahlala embhedeni wakhe. Nawu! mhlola! UKhanya wadonsa iduvet wazimboza ikhanda futhi waqala ukuqhaqhazela.

Okwamangalisa uKhanya, ukuthi ngokuphazima kweso wezwa iphela likhuluma. "NginguMnu Rocky Roach, kunjani?" libengelela.

UKhanya akashongo lutho. Wathula cvaka futhi waqhubeka ecashile ngaphansi kweduvet yakhe.

"Waze waluhlaza!" kusho iphela. "Unyoko akakufundisanga isimilo?"

"Nginesimilo," kuhleba uKhanya engaphansi kweduvet. "Kodwa ngethuke kakhulu ngenxa yakho futhi ngaphandle kwalokho uMama wangifundisa ukuthi ngingakhulumi nabantu engingabazi."

"Yebo, yiqiniso lelo. Akufanele ukhulume nabantu ongabazi," kuvuma iphela. "Awuthi ngikutshale, ngizoya ngiyozethula kumama wakho khona-ke ngeke ngisaba ngumuntu ongaziwa."

UKhanya waqhubeka ecashile ngaphansi kweduvet futhi waphendula, "Akwona umqondo omuhle lowo Mnu Roach."

"Kungani kungewona?" kubuza iphela lididekile ngoba belicabanga ukuthi ngumqondo omuhle kakhulu!

"Ngoba nakanjani uzomemeza lapho ekubona," kuphendula uKhanya. "Futhi, cishe uzokushaya ngomshanelo."

"Hhayibo!" iphela likhokha umoya. "Imishanelo nomama abamemezayo kuyethusa kakhulu."

"Mnu Roach," kusho uKhanya. "Uma ngisusa le duvet ekhanda lami, uyathembisa ukuthi ngeke ungilume?"

"Kungani nje kumelwe ngikulume?" kubuza iphela, lihleka.

UKhanya wasusa ingubo ekhanda lakhe futhi waphendula, "Akukhona yini lokho amaphela akwenzayo?"

"Lutho neze!" kuphendula iphela.

"Hhayibo! Uma kunjalo, yini ke oyenzayo?" kubuza uKhanya.

"Zonke izinto ezihlukahlukene," kuchaza iphela. "Into engiyithanda kakhulu wukudansa ngishaye izinyawo phansi. Empeleni ngingumpetha kulokho ngoba nginemilenze eyisithupha." Iphela laqala ukudansela uKhanya liphansi njengoba kunokhuni phansi.



"Haaa," kuphendula uKhanya. "Ungumpetha ngempela kukho. Ngifisa ngabe nganginemilenze eyisithupha. Yini enye okwazi ukuyenza?"

UMnu Rocky Roach wavula amaphiko akhe, "Ngikwazi nokundiza, kodwa hhayi kahle, kumelwe ngivume."

"Eyi, ngifisa ngabe nganginamaphiko njengawe," kuphendula uKhanya. "Yimaphi amanye amasu amahle okwazi ukuwenza?"

"Nginalezi zimpondo," kuphendula iphela, linqekuzisa ikhanda ngapha nangapha.

"Ngezokwenzani?" kubuza uKhanya, manje owayesehleli onqenqemeni lombhede wakhe.

"Zingisiza ukunquma ukuthi ngiyephi," kuchaza iphela.

"Eyi, ngifisa ngabe nganginezimpondo," kuphendula uKhanya. "Empeleni, ngicabanga ukuthi ngifisa ngabe ngangiyiphela!! Kodwa bengingathanda ukuba ngelinemibalabala – mhlawumbe eliluhlaza elinombala ophephuli namabala ayelo."

"Kumnandi kakhulu ukuba yiphela," kusho iphela. "Kodwa Khaya, uyazi yini ukuthi ukhethekile ngale ndlela oyibo?"

"Ngiyabonga, Mnu Roach," kusho uKhanya. "Ngiyajabula ukuthi ngihlangane nawe. Empeleni awethusi neze!"

"Nami ngikujabulele ukuhlangana nawe," kuphendula iphela. "Ungathanda yini ukuhlangana nomndeni wami?"

"Impela, ngingathanda," kuphendula uKhanya ejabulile. "Ukuphi?"

"Uhlala ngaphansi kwebhodi lakini laphansi, laphayana," kusho iphela, likhomba ngomunye wemilenze yalo ekhoneni lekamelo likaKhanya.

"Nazo-ke, bengazi!" kusho uKhanya. "Bengazi ukuthi kunamaphela ekamelweni lami. Mangaki amalungu omndeni wakho onawo?"

"Inkulungwane eyodwa nambili," kuphendula iphela, limamatheka kakhulu ngenjabulo.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

★ Ingabe uyawesaba amaphela? Dweba isithombe sephela elethusayo. Manje dweba esinye isithombe sephela elinobungane.

★ Yiba njengomseshi wamagama. Thola ngalinye lala magama endabeni bese uthola ukuthi ngalinye lawo lichaza ukuthini: onswininizayo; elibi kabi; abamemezayo; kunokhuni; ngelinemibalabala.

★ Yisiphi isinambuzane obungakhetha ukuba yiso? Yenza ngathi uyisinambuzane ngokunyakazisa izingalo zakho njengamaphiko noma izandla zakho njengezimpondo. Yenza imisindo eyenziwa yileso sinambuzane.



Drive your  
imagination





# Khanya and the cockroach

Written by Lori-Ann Preston ■ Illustrated by Chantelle and Burgen Thorne

"Bedtime, Khanya," said Mama.

"No, no," replied Khanya. "I'm not going to bed tonight, Mama."

Mama was not pleased, "Why not, my child? It is late and you have school tomorrow."

"I'm not going to bed because I'm scared of cockroaches," said Khanya.

"But, Khanya," said Mama, "we don't have cockroaches in our house."

"We do!" argued Khanya. "I've heard them. And I'm sure they fly in through my window during the night."

"Let's go check your room," suggested Mama. "After that, we'll close your window."

Mama and Khanya searched the room for cockroaches. They looked everywhere: under the bed, behind the door, under the mat, in the toy box and in the cupboards. Once Khanya was satisfied that there was not one cockroach in her room, Mama gave her a good night kiss, switched off the light and closed the bedroom door.

But, the two of them had spent so much time searching for cockroaches, that they had forgotten to close the window!

Khanya snuggled under her duvet, cuddled her teddy bear and thought about her day at school tomorrow. She was just about to fall asleep when she heard a strange sound. CRRRR! CRRRR! Her eyes shot open. She lay absolutely still.

CRRRR! CRRRR! There was definitely a soft clicking, chirping sound coming from somewhere in her room. But where? What was making the sound? Was it a cockroach? Khanya slowly stretched her arm to the side and switched on her bedside lamp.

She looked around the room. Phew! Thankfully, she couldn't see anything strange. Just when she thought she must have dreamed the clicking, chirping sound, the curtains started to move and the sound got louder. CRRRR! CRRRR! Khanya was absolutely terrified. She stared at her curtains, not even daring to breathe.

Suddenly, the ugliest dark-brown cockroach came crawling across her pretty yellow curtains then flew across and landed on her bed. Oh no! Khanya pulled the duvet over her head and began to shake.



To Khanya's complete surprise, suddenly she heard the cockroach speak. "I'm Mr Rocky Roach, and how do you do?" it greeted.

Khanya said nothing. She kept very still and continued to hide under her duvet.

"How rude!" said the cockroach. "Did your mother forget to teach you manners?"

"I have got manners," whispered Khanya from under the duvet. "But I'm very, very scared of you, and besides my mama taught me not to speak to strangers."

"Yes, that is true. You shouldn't speak to strangers," agreed the cockroach. "I'll tell you what, I'll go introduce myself to your mama then I won't be a stranger anymore."

Khanya remained hidden under the duvet and replied, "That's not a very good idea, Mr Roach."

"Why not?" asked the cockroach puzzled because he thought it was an excellent idea!

"Because she'll definitely scream when she sees you," replied Khanya. "And she will also probably whack you with our broom."

"Oh no!" gasped the cockroach. "Brooms and screaming mamas are very scary."

"Mr Roach," said Khanya. "If I take this duvet off my head, will you promise not to bite me?"

"Why on earth would I bite you?" asked the Cockroach, laughing.

Khanya took the blanket off her head and replied, "Isn't that what cockroaches do?"

"Certainly not!" replied the cockroach.

"Oh! Well then, what do you do?" asked Khanya.

"All sorts of things," explained the cockroach. "My favourite thing to do is tap dance. I'm actually very good at it because I've got six legs." The cockroach started to dance for Khanya on her wooden floor.

"Wow," replied Khanya. "You really are very good at that. I wish I had six legs. What else can you do?"

Mr Rocky Roach spread out his wings, "I can fly of course, but not very well, I must admit."

"Oh, I wish I had wings like you," replied Khanya. "What other cool tricks can you do?"

"I have these antennas," replied the cockroach, swinging his head from side to side.

"What are those for?" asked Khanya, who was now sitting on the edge of her bed.

"They help me decide where to go," explained the cockroach.

"Oh, I wish I had antennas," replied Khanya. "In fact, I think I wish I was a cockroach!! But I'd like to be a colourful one – maybe green with purple and yellow spots."



"It is very nice being a cockroach," said the cockroach. "But Khanya, you do know that you are special just the way you are?"

"Thank you, Mr Roach," said Khanya. "I'm so glad I've met you. You're actually not scary at all!"

"I have enjoyed meeting you too," replied the cockroach. "Would you like to meet my family?"

"Ooh, yes, please," replied Khanya excitedly. "Where are they?"

"They live under your floorboard, over there," said the cockroach, pointing with one of his legs to the corner of Khanya's bedroom.

"Aha, I knew it!" said Khanya. "I knew there were cockroaches in my room. How many family members do you have?"

"One thousand and two," replied the cockroach, with a great big smile.

## Get story active!

- ★ Are you afraid of cockroaches? Draw a picture of a scary cockroach. Now draw another picture of a friendly cockroach.
- ★ Be a word detective! Find each of these words in the story and then find what each of them describes: chirping; ugliest; screaming; cool; colourful

- ★ Which insect would you choose to be? Pretend to be an insect by moving your arms like wings or your hands like feelers. Make the sounds the insect makes.



Drive your  
imagination



# Okokuzithokozisa kwakwaNa'ibali

# Na'ibali fun

1.

**INa'ibali ineminyaka eyi-10 ikhona kulo nyaka!**

Thola indlela yokuthi "usuku lokuzalwa oluhle" ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika.

**Na'ibali is 10 years old this year!**

Find out how to say "Happy birthday" in all of South Africa's official languages.



2.

**Thola "amagama osuku lokuzalwa" emabhokisini okufuna amagama.**

A	M	A	K	H	A	N	D	L	E	L	A
I	A	I	A	M	A	S	W	I	D	I	U
Z	C	U	L	A	H	I	T	B	A	K	M
I	W	I	S	I	F	I	S	O	S	H	C
P	A	M	A	C	H	I	P	S	M	E	I
H	H	A	M	A	K	H	A	D	I	K	M
O	L	U	S	U	K	U	T	I	P	H	B
L	O	K	U	Z	A	L	W	A	A	E	I

USUKU LOKUZALWA  
IKHEKHE  
AMAKHANDLELA  
AMAKHADI  
AMACHIPS  
UMCIMBI  
AMASWIDI  
ISIFISO  
CULA  
IZIPHO

**Find the "birthday words" in the word search blocks.**

B	B	A	C	T	C	H	I	P	S
N	I	W	E	G	A	P	A	T	D
P	R	E	S	E	N	T	S	U	R
A	T	E	O	P	D	G	W	K	A
R	H	F	I	G	L	N	E	J	C
T	D	C	A	K	E	I	E	R	S
Y	A	M	U	X	S	S	T	P	R
V	Y	Z	A	M	W	I	S	H	N

BIRTHDAY  
CAKE  
CANDLES  
CARDS  
CHIPS  
PARTY  
SWEETS  
WISH  
SING  
PRESENTS



3.

**Ungawuthola umehluko oyisithupha phakathi kwale mifanekiso emibili?**

**Can you find six differences between these two pictures?**



izimpendulo  
Answers



UNa'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

Na'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.twitter.com/nalibaliSA)

[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)

Produced by The Na'ibali Trust. Translation by Mosekola Solutions. Na'ibali character illustrations by Rico.

UMLAZI  
EYETHU

EASTERN CAPE  
RISING SUN

POLOKWANE  
OBSERVER



Drive your  
imagination

